



Kuvuselelwa izizinda zomlando waKwazulu eMandeni



UMasipala wase Mandeni ngaphansi kobuholi buka sodolobha, uKhansela Thabani Mdlalose use mkhankasweni wokuvuselela izizinda zomlando ezingaphansi kwalo Masipala. Iningi lezindawo zomlando ezikule ndawo zihlobene nezimpi ezidume umhlaba wonke esingabala kuzo impi yase Sandlwana. Phakathi kwezindawo ezizovuselelwa singabala isihlahla ‘Somnqamula Juqu’ lapho okwathathwa khona isinqumo sokuthi impi ibambane ngezihluthu eSandlwana Kanye nendawo lapho kwaliwa khona impi yase Ndondakusuka.



60/40
DEBT AMNESTY
EXTENDED TO JUNE 2021

(Mangala wase Mandeni yemikhaywari wokuqala ikhwelelo sika Ntshona eNtshona ngobusuku bokusela nhlaka 30 June 2019. Ingqumbo engaphe 72% yabizilekileyo ikusethwa ngobusuku. Kuleziintlobozwe (Mangala weNtshona) ubusuku bika khawule.

IMIBANDELA

- Lokuhleli lubekeke abahleli aZunguqheni kuka Mziqale waseMandeni.
- Lokuhleli lubekeke abahleli aZunguqheni kuka Mziqale waseMandeni.

UMKHAWULISWA

- Lishaji la stambukani laliwa kingeri mwa
- Lishaji la stambukani lindi zikuwika Kariye rasitwa
jika hukumi.

UMBANDELA

- 80% waku zikolelela kumela ulithethwe ngaphambi ku mihla 30 June 2021. ukubhalisa ukubhalisa kumolelela elakholweni kumela kutaba abangaphakhe
- Abahli kumela bangaphakhe lauthi balahlela ngony zikolelela nabo ukugama ukubhalweni.
- balahlela emaphakhi kaulokhu ngoku ndawony okanye abangaba bano kudlalweni kubanyo ngaphambi kokukhela 'weekhithi' eengamevinyanga eengame 24
- Uma uvuleka emahlela emaphakhi ukubhalisa kumela abahleli ukubhalisa ngaphakhi ngaphakhi kokukhela la emame phakanyisa

Ngeminingwane yokuthola amahhovi kaMazipala okanye
ukhumbano no Mntu Sijha Ntshela on 032 456 8290,
sijha.ntshela@mmandeni.gov.za

**NOTHING FOR MAHHALA, DO THE RIGHT
THING. PAY YOUR RATES**

SANITIZE | WEAR MASK | PRACTICE SOCIAL DISTANCE



Wash you hands, Sanitize and Wear Mask in Public Area
Social distance is required in public areas



Intuthuko ibonwa ngamehlo eMandeni



UMasipala wase Mandeni usaqhubeka nokuba ngomunye wo Masipala abahamba phambili ekuphuculweni kwezimpilo zabantu kanye nokulethwa kwezidingonqangi ngokulandela iziphakamiso zama lunga omphakathi aziveza ngesikhathi semihlangano yentuthuko edidiyelwe. Ukukha nje phezu, nanka ama-phrojekthi athuliwe emphakathini uMasipala ophezu kwawo:

UKWAKHIWA KWE DLTC, Sezihubela sakusha ngokwakhiwa kwesizinda sokuthola izincwadi zokushayela (Driving License Testing Centre) esizokwakhiwa ku ward 03 eduze kwama hhovisi akwa Technical Department yakwa Masipala wase Mandeni.

UKULUNGISWA KOMGWAQO
KWAMAZITAPELE, Mhlaka 04 KuZi-
bandlela kwethulwe ngokusemthethweni
emphakathini usonkontileka ozolungisa
umgwaqo ohlanganisa umgwaqo wakwa
Mazitapele no Mkhomazi endaweni yase

Macambini ngaphansi kuka ward 02.
Lomgwaqo uzokwenziwa kabusha ukuze
ukwazi ukumelana nezimo zezulu ezingez-
inhle uphinde uvuleleke ukuhamba izimoto
ngokukhululeka.

UKWAKHIWA KOMGWAQO
ETHULASI, Mhlaka 28 KuLwezi 2020,
umkhandlu waseMandeni uthule ngokuse-
mthethweni emphakathini iprojekthi
yokuvuselelwa nokwakhiwa ko mgwaqo
waseThulasi kanye nase Zakheni ku ward
12. Lomsebenzi uzothatha izinyanga
ezintathu. Usodolobha uthule inkampani
yendawo i-Msebe Construction njengen-
kampani ezophatha lomsebenzi ozosiza
kakhulu ukuhamba kwezimoto ezithutha
umphakathi.

UKUPHUCULWA KOMGWAQO
KWAMASOMONCO, Mhlaka 25 KuL-
 wezi 2020, kuphendulwe isoyi kwaphinde
 kwethulwa ngokusemthethweni inkam-
 pani ezolungisa ifake itiyela
 emgwaqeni waka Masomonco.

Lomsebenzi usuqalile ukwenziwa kanti kulindeleke ukuthi uphele ezinyangeni ezinhlanu ezizayo.

UKUPHUCULWA KWE NKUNDLA YASE NEMBE, Mhlaka 04 KuLwezi 2020, uMasipala wethule ngokusemthethweni emphakathini inkampani ezobheka umsebenzi wokuphuculwa kwenkundla yezemidlalo eNembe. Lenkundla izokwakhiwa kabusha ifakwe indawo yokuhlala abalandeni, izindlu zokushintshela nokunye okuningi. Lomsebenzi waphinde wethulwa ngokusemthethweni emkhandlwini wobukhosi besizwe sakwa Mathonsi.

**INDAWO YOKUBHUKUDA KWA
NGCED'OMHLOPHE**, Mhlaka 31 KuM-
fumfu 2020, UMasipala wase Mandeni
wethule ngokusemthethweni usonkontileka
ozokwakha indawo yokubhukuda (Swim-
ming Pool) ezokwakhiwa kwa Ngced'O-
mhlophe Sports Ground. Lomsebenzi uzotha-
tha izinyanga ezinhlanu.

[illegible]



**AYIDAYISWA
IMISEBENZI
KWAMASPALA
WASEMANDENI**



**Mayor of
Mandeni Municipality
Cllr. Thabani
Mdialose**

WWW.MANDENI.GOV.ZA

ISAZISO SOMPHAKATHI

Mphakathi wakithi, sekusondele izinsuku zokubhiyozela amaholidi ka ncibijane. Lesi isikhathi lapho ubugebengu budlangile kakhulu, siyanxusa abantu bakithi bengabi izisulu zezigebengu.

Kamuya nje! Kubhidlanga amaqola azenza abasebenzi baka Masipala wase Mandeni abadayisa ngomsebenzi ngamagama abaholi kanye nabasebenzi bomkhandlu.

Imisebenzi kwa Masipala ayidayisi. Uma kukhona umuntu okufonelayo ngenhlalo yokukugwazisa ukuze uzoqasheka, iqola lelo!

UMasipala wase Mandeni ungumqashi olandela imigadu efanele ngokomthetho sisekalo wezwe.

Siyanxusa ukuba niphepho, nizibheke futhi nibike izenzo ezifuze lezi **Anti-Fraud and Corruption Hotline 0801 111 660 or the Presidential Hotline 17737:**
email: ceo@mandeni.gov.za, **Whatsapp 067 427 8636**

For more information contact :

Communications Manager
Mduzuzi Manzi (mdumanzi@mandeni.gov.za) or
Sibani Zondi (sibanizondi@mandeni.gov.za)
032 456 8200.



STAY SAFE | WEAR MASK | PRACTICE SOCIAL DISTANCE

TOLL FREE 0860 010 111 CRIME STOP NUMBER



Yethulwe ngempumelelo i-District Development Model

Ungqongqoshe womnyango wezokubuza ngokubambisana uN-kozasana Dlamini-Zuma uhambele isifunda iLembe phakathi kuka 17-20 KuLwezi 2020 ngenhloso yokuzokwethula uhlelo lwe District Development Model. Inhloso yaloluhlelo ukwakho amaxhama okuxhumana Kanye nokusebenzisana phakathi kwezinhlobo ezahlukene zika hulumeni. Uhambo luka ngqongqoshe lube kubona bonke oMasipala abangaphansi kwesifunda

iLembe esingabala kubo iMandeni, iNdwedwe, uMaphumulo Kanye no KwaDukuza. EMandeni, ungqongqoshe ube ingxenye yomcimbi wokuphendulwa kwesoyi lapho kuzokwakhiwa khona isikhungo sokuhlola abafuna izincwadi zokushayela iMandeni Driving Licenses and Testing Centre. UDLamini-Zuma uphinde wavula ngokusemthethweni indlu ka gogo oneminyaka eli-102.

DID YOU KNOW?

Vaccines save **FIVE** lives every minute

The eradication of smallpox through vaccination saves an estimated 5 million lives every year

If a vaccine had not eradicated smallpox, someone would now die from the disease every 6 seconds of every day.



DID YOU KNOW?

COVID-19 is NOT like the common cold and flu

In only 10 months, the SARS-CoV-2 virus infected over 78 million people across the world, resulting in 1.7 million deaths

- COVID-19 patients also require intensive care in hospital at a rate more than 6 times greater than during the influenza pandemic in 2009
- Many COVID-19 survivors are faced with sometimes severe long-term health impacts



Siyayinqoba

CORONA VIRUS

COVID-19

24HR NICD HOTLINE 0800 029 999

4 PRECAUTIONS TO FOLLOW TO AVOID BEING INFECTED

- WASH YOUR HANDS
- GOOD PERSONAL HYGIENE
- DO NOT SHARE FOOD AND UTENSILS
- SEE A DOCTOR IF YOU ARE UNWELL

REMAIN VIGILANT AND ADOPT GOOD PERSONAL HYGIENE PRACTICES

The situation is evolving check updates on www.health.gov.za and www.nicd.ac.za

Izinkolelo nge vaccine

Kusukela kufika igciwane le COVID-19 eNingizimu Afrika, kube nongabazane ngendlela okuzokwenziwa ngayo ukuze umphakathi uphephe, kwaba nemibuzo ngezindlela uhulumeni kaZwe lonke abezama ngazo ukunqanda ukubhebhethaka kwalo. Kukhokonke, sikwazile ukubambisana saqhubekela phambili kwaze kwafika lesisikhathi esikuso. Kamuva nje, kunezinkulumbo ngo mgomo ozosetshenziwa ngobungozi bawo kanye nobuhle bawo. Nansi imibuzo evamise ukubuzwa ngabantu (ama-faq] mayelana ne COVID-19 kanye nokuqeda izinkoleloze, lapha sifake nezimpendulo okuyizona okusemqoka ukuthi sizazi ukuze singadukiswa ngabantu.

INGABE KUNAWO YINI UMTHELELA ONGEMUHLE EMPILWENI YOMUNTU UKUGQOKA ISIFONYO ISIKHATHI ESIDE?

Impendulo: Ukusebenzisa noma yisiphi isifonyo isikhathi eside akukabonisi neze ukuba yimbangela yobuthi besikhutha emzimbeni noma imbangela yokuntuleka komoyampilo, ioksijini, kubantu abaphilile futhi abangumqemane emzimbeni. Ngokuvamileyo abasebenzi bezempilo bagqoka izifonyo isikhathi eside njalo uma benza imisebenzi yabo.

Isifonyo sendwangu sihlizeka ngokuvikeleka okuthe xaxa

ngokuthi sinciphise inani lamagciwane aphuma kumuntu angene emoyeni. Ukugqokwa kwezifonyo ngabantu abanengi kuzoqinisekisa ukuthi ayingcosana kakhulu amaconsana aqukethe igciwane angana emoyeni. Ukugqoka isifonyo kunciphisa ubungozi bokuthi umuntu ahlangebezane negciwane.

INKOLELOZE: IMIGOMO AYIPHEPHILE FUTHI AYILANDELWANGA NEZE IMITHETHO EJWAYELEKILE YEZOKUPHEPHA NGENHLOSO YOKUSHESHISA UKUGUNYAZWA KWAYO UKUZE ISETSHENZISWE.

IMPENDULO: Ukwakhiwa nokuthakwa ngokushesha kwemigomo kanye noku-gunayazwa kwayo kuyimpumelelo enkulukazi okumele ithakaswe. Lokhu kwenzeke ngenxa yokuthi sifundile ngamashumi edlule ukuthi yakhiwa futhi ihlolve kanjani imigomo futhi sikwazile ukuzisebenzisa lezo zifundo, futhi sizibekele inselele yokukhiqiza umgomo ngokushesha okukhulu.

Asikho neze isinyathelo eseqiwe ekwakhiweni, ekuhlolweni noma ekugunyazweni ngokusemthethweni kwemigomo ye-COVID-19. Umhlaba ukwazile ukwakha imigomo ngokushesha ngoba ososayensi

kanye nohulumeni emhlabeni wonke jikelele babambisane ngendlela ebingakaze yenzeke ngaphambilini futhi bahlanganise ndawonye izinsiza kanye nolwazi ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu ufaka isandla olwazini lolo. Lokhu kwasivumela ukuthi sisebenze ngokushesha okukhulu uma kuqhathaniswa nendlela esisebenze ngayo ngaphambilini. Umonakalo omkhulu odalwa yigciwane kwinhlobo-mnatho yiwona okhuthaze abenzi bemigomo ukuthi baphangise kakhulu emsebenzini wabo, ngaphandle ngokwehlisa amazinga obukhethelo bomkhizozo.

INKOLELOZE: IMIGOMO INGALUGUQULA ULIBOFUZO (I-DNA) LWABANTU ABATHOLE UMGOMO.

IMPENDULO: Imigomo isebenza ngokushukumisa umzimba ngendlela efanayo naleyo yegciwane uma umuntu ethelekile.

Lokho kusho ukuthi uma uthola umgomo umzimba ube usubona ukuthi umgomo lowo ufana negciwane le-corona bese ukhiqiza amakhemikhali athile ngenhloso yokuqalisa uchungechunge lwezinyathelo zokwakha amasosha omzimba azolwisana negciwane loqobo. Umgomo awenzi lutho kulibofuzo lomzimba.

Abantu abathile bacabanga ukuthi ngoba imigomo yenziwa

ngobuchwepheshe be-RNA lokho kusho ukuthi izoxhumana futhi ihlangane nolibofuzo – kepha-ke lokhu akusebenzi neze kanjalo. Ubuchwepheshe buyindlela nje kuphela okwenziwa ngayo umgomo – hhayi ukuthi umgomo uzokwenzani emzimbeni. Inkoleloze: Imigomo iqukethe uhlobo lwe-microchip esetshenziselwa ukulandela umkhondo womuntu kanye nokumlawula. Impendulo: Ayikho neze into “eyi-microchip” yomgomo futhi abukho ubufakazi obeseke lokho okushiwo ngabantu ukuthi kukhona into enjalo ehlelwayo. Ukuthola umgomo ngeke kuvumele ukulandelwa komkhondo wabantu futhi ulwazi oluqondene nabo uqobo ngeke neze lufakwe kwisizindlalwazi.

INKOLELOZE: ONGXIWANKULU BAGQUGQUZELA IMIGOMO NGENHLOSO YOKUZITHOLELA INZUZO ETHE XAXA.

Impendulo: Inhlekelele yokubheduka kwe-COVID-19 seyidale isiphithiphithi esikhulu emhlabeni wonke futhi alikho izwe elingakahlamezekanga. Umgomo yilona themba elihle kakhulu esinalo lokusindisa izimpilo zabantu kanye nokubuyisela indlela yethu yokuphila esimweni esijwayelekile; ngakho-ke ohulumeni abanengi sebebambe izingxoxo zokubonisana ngqo nabenzi

DID YOU KNOW

Does the COVID-19 vaccine have side-effects?

As with all medicines, side effects can occur after getting a COVID-19 vaccine. However, these side effects are transient (24-48 hours), and serious side effects (allergic reactions) are exceedingly rare. The fact is: The risk of the disease by far outweighs the risks of the COVID-19 vaccines.

DID YOU KNOW

Were COVID-19 vaccines rushed?

Because of the risk from COVID-19 and its prevalence, it was possible to expedite the clinical trials without compromising safety:

- Thousands of people signed up rapidly to participate in COVID-19 vaccine trials in 2020, compared to the 12-18 months it often takes to recruit far fewer participants for such trials
- These vaccines have been tested with more participants than many earlier vaccines for other diseases

bemigomo ukuqinisekisa ukuthi itholakala ngesikhathi imigomo.

INKOLELOZE: UHULU-MENI USEBENZISANA NGOKUNGEMTHETHO NONGXIWANKULU EKUGQUQUZELENI IMIGOMO NAKUBA INOBUNGOZI.

Impendulo: Uhulumeni uzibophezele ekusindiseni izimpilo zabantu futhi avikele nezindlela abaziphilisa ngazo. Indlela esheshayo kakhulu yokubuyela kwindlela yethu yokuphila

wukuqinisekisa ukuthi iningi labantu livikelekile egciwaneni. Imigomo iyindlela elula kakhulu futhi esebenza kahle kakhulu yokwenza lokhu.

INKOLELOZE: UBUXHAKAXHAKA BAMANETHIWEKHI E-5G BUDALA IGCIWANE LE-CORONA NGOKUKHIQIZA IMISEBE ENOBUNGOZI.

IMPENDULO: Inhlango Yezempilo Emhlabeni isikubeke kwacaca ukuthi amagciwane awakwazi ukuhamba ngamagagasi okusakaza ngomoya/aman-

ethiwethi omakhalekhukhwini. Futhi kuyiqiniso elimsulwa ukuthi i-COVID-19 iyasabalala nasemazweni amaningi angenawo amaneth- iwekhi omakhalekhukhwini be-5G. I-COVID-19 isabalala ngamaconsana omgudu wokuphefumula akhiqizwa ngumuntu othelekile lapho ekhwehlela, ethimula noma ekhuluma. Abantu bangatheleleka futhi ngokuthinta izindawo ezithintwa njalo eziqukethe igciwane bese emva kwalokho bethinta amehlo abo, umlomo noma ikhala.

INKOLELOZE: IMIGOMO INOPHAWU LWESILO SASENDLE -I-666.

IMPENDULO: Imigomo yenzelwe ukusindisa izimpilo zabantu futhi yenziwa ngokusebenzisa ubuchwepheshe. Akukho neze ukuxhumana phakathi kwayo nanoma iyiphi inhlango yezenkolo futhi ayifakwa imimoya emibi, amadimoni noma ezinye izithako ezingaqondakali. Akunatulo elenziwayo lokufaka amadimoni nemimoya emibi, ukuthakatha noma ukulawula noma yimuphi umuntu.



Mandeni Local Municipality 2021 BURSARY APPLICATIONS ARE NOW OPEN!!

Mandeni Local Municipality is inviting students residing within Mandeni to apply for bursaries to study at any recognized tertiary institution in South Africa.

The purpose of this bursary is to provide financial assistance for registration to historically disadvantaged students who meet the stipulated requirements.

DOCUMENTS TO BE ATTACHED

- A copy of parent's payslip or an affidavit from commission of Oath
- Your latest academic record
- Proof of residence
- CV with Contact details
- Acceptance letter from institution

Closing date: **05 March 2021**

Forms available at YAC offices (opp Clicks kwaSqumba)



Mayor, CLLR T.P Mdlalose



FOR MORE INFORMATION: 032 456 8200
OR WWW.MANDENI.GOV.ZA

fb: Mandeni Local Municipality
 Twitter: @MandeniLM

Bahlinzekwe ngezinsiza abezemidlalo



Mhlaka 04 November 2020 izinhloka ezimele imidlalo eyahlukene ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni zihlinzekwe ngezinsiza ezahlukene ukulekelela nokuphucula indlela abadlala ngayo.

Phakathi kweminxa emhlo-mulile singabala ibhola lezin-yawo, ibhola lomnqakiswa, isibhakela, abasubathi kanye no nondweba ukukha nje phezulu.

Kuvuselelwa umdlalo we karate



Mhlaka 16 KuZibandlela 2020, uMasipala wase Mandeni uxhase ama-dojo angaphansi kwe Mandeni ngezinsiza ukuze ezokwazi ukuqhuba umsebenzi wabo wokususa abantu abasha emigwaqeni babe ingxeny

yezemidlalo. Lomcimbi usingathwe ngempumelelo. Phakathi kwezinsiza ezinikezelwe kulama dojo singabala ama punching bags, ama-gloves Kanye namadumb-ells ukukha nje phezulu.



MANDENI NEWS

EDITORIAL TEAM
Editor in Chief, Sizwe Khazwayo
Editor, Mduzisi Manzi
Content Production and Layout, Marvellous Zondi
Contact: mandenimunicipalcommunications@gmail.com



WHATSAPP SUPPORT : 0600 123 456
EMERGENCY NUMBER: 0800 029 999

REGULATIONS OF COVID 19

- Wash and Sanitize your hands
- Wear Mask in Public Area
- Practice Social distance in public areas



EMERGENCY NUMBERS:

24/7 HOURS EMERGENCY:
WHISTLE BLOWER/CUSTOMER CARE:
TRAFFIC LINES OFFICE/BACK OFFICE:

087 285 1153
032 456 8263
032 456 8298

ANTI-FRAUD AND CORRUPTION FOR PUBLIC SAFETY:
ELECTRICIAN STANDBY:

086 681 0987
0790913960



► Learning the Basics

Adults, babies and children in South Africa and all over the world have been getting vaccines for many years. It is estimated that because of vaccines, five lives are saved every five minutes around the world.

What is a COVID-19 vaccine?

A vaccine gives you immunity against COVID-19. This means that it will help your body recognise the virus and also teach your body how to fight it. There is no active COVID-19 virus inside the vaccine so it cannot give you the disease.

What steps are taken to ensure the COVID-19 vaccine is safe?

COVID-19 vaccines have gone through a proper testing process, including large trials that involved tens of thousands of people, including many South Africans. These trials were designed to identify any common side effects or other safety concerns.

Independent regulators also reviewed the efficacy and safety of the vaccines before they were approved for use. The process was not rushed. Millions of people around the world have already started getting the vaccine.

How is the vaccine given?

You must get vaccinated by a trained healthcare worker at an accredited medical facility. The vaccine is given through an injection in your arm. Depending on what make of vaccine you receive, you might have to return for a second dose, but your healthcare worker will inform you when to do so.

Remember, the more people that get vaccinated, the less the virus can spread in our communities.

► Knowing the Facts




Myth: Vaccines are unsafe and rushed

Fact: No step in the development and testing of the COVID-19 vaccines has been skipped. Millions of people who have already taken the vaccine have NOT become ill or died.



Myth: The vaccine will change my DNA

Fact: Some people think that because some of the vaccines are made using RNA technology, it means the RNA will interact with their DNA. The vaccine CANNOT change your DNA.



Myth: Vaccines contain microchips to track and control people

Fact: There is NO microchip or any other substance in a vaccine that can be used to track or control people.



Myth: 5G networks cause the coronavirus through radiation emissions

Fact: Viruses CANNOT travel on radio waves and mobile networks. COVID-19 is spreading in many countries that do not have 5G mobile networks.



Myth: The Vaccines have the mark of the Beast- 666

Fact: Vaccines have no connection with any religious organisations and cannot be infused with spirits, demons or other abstract ingredients. There is no conspiracy to possess, bewitch or control anybody.